Zimhlabe umxhwele uNgqongqoshe izikhungo zezempilo zeSifunda i-Harry Gwala

MELBA NZIMANDE

Ngomhla ziyi-15 kuya ziyi-16 kuNcwaba wezi-2017, amalungu esiShayamthetho, uhulumeni nabasebenzi bakamasipala bahambele izibhedlela zaseSifundeni i-Harry Gwala.

UNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu. Ravi Pillay naye ubehambisana naleli thimba elibhekele uHlelo lokusebenza kwezibhedlela beyohlola osekwenziwe emva kokuba begcine ukuzihambela ngonyaka wezi- 2014.

Leli thimba livakashele isibhedlela i-Christ the King, umtholampilo iKwa-Mashumi Clinic kanye ne-St Appollinaris Hospital. Inhlosongqangi yalolu hlelo bekungukuhlola ukusebenza jikelele kwezibhedlela nemitholampilo kanye nezinselelo ezikhona ezingakhinyabeza ukusebenza kwazo ngempumelelo.

Lolu hlelo belubhekele ikakhulukazi lokhu okulandelayo, ukuqashwa kwabasebenzi, ukubakhona kanye nesimo sezinsizakusebenza zasezibhedlela, ingqalasizinda yasesibhedlela kanye nokunakekelwa kwayo, ukubakhona kwezinsiza zosizo oluphuthumayo kanye nokulawulwa kwemfucuza yasezibhedlela.

UNgqongqoshe u-Pillay ebingelela iziguli ngenkathi ehlola isibhedlela i-St Appollinaris Hospital.
***Izithombe:* SIBONGILE DLANGALALA**

Lolu hlelo luyingxenye yomsebenzi ojutshwelwe iSishayamthetho ukuba kuke kuhanjwe kuyohlolwa okuqhubekayo ezikhungweni zikahulumeni.

Nakuba-ke bezikhona izinselelo kwezinye izikhungo zezempilo esingabala nje ukuba kuncane kwendawo, ukungabibikho kwemali kanye nokushoda kodokotela, ithimba liye lahlabeka umxhwele ngesimo salezi zikhungo elalizihambele.

Ithimba lizincome kakhulu lezi zibhedlela ngokuhlanzeka kwazo kanjalo nokwenza umsebenzi oncomekayo.

Lube yimpumelelo enkulu lolu hambo lokuya kulezi zikhungo zezempilo ngoba izikhungo ngazinye zikwazile ukuba zilungise lapho ezazibonakele zinokukhinyabezeka khona, zikwazile nokuqhamuka nezixazululo maqondana nengqalasizinda kanye nabasebenzi ngokunjalo nokulwa nezifo ezidlangile futhi okunikeza ithemba ukuthi zizophumelela ukukwenza lokhu.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sizoqhubeka nalezi zinhlelo zalolu hlobo, okuyingxenye yokubusa okuhle, ukuze kuqinisekiswe ukuthi bonke abantu bahlinzekwa ngosizo lwezempilo olusezingeni eliphezulu nelifanelekile.

Abasebenzi kanye nabaphathi balezi zikhungo zezempilo kumele bathulelwe isigqoko ngomsebenzi wabo omangalisayo wokwengamela kanye nokuthuthukisa ezempilo esifundazweni.